



**Ukungadalulwa  
Kolwazi  
Oluphathelene  
Nezinsiza.**



**ISIZULU**

**For you. For health. For life.**



## UKUNGADALULWA KOLWAZI OLUPHATHELENE NEZINSIZA.



2

Inqubo yokufaka isikhalaizo.

Ukugcwaliswa kwefomu lokufaka isicelo noma iphepha lemibuzo lezempilo ngokuphathelene nezikimu zezokwelapha kungesinye sezinyathelo ezibalulekile ngokuphathelene nobudlelwano bezenkontileka phakathi komhlomuli kanye nesikimu sezokwelapha. Iphepha lemibuzo lezempilo efomini lokufaka isicelo liyingxene yenkontileka futhi kumele lisayinwe yilungu. Kubaluleke kakhulu ukuthi ulwazi oluhlinzekiwe lube ngoolufanele ngokweqiniso. Ofake isicelo kumele achaze yonke imininingwane ngokuphathelene habathembele kuwe ulwazi lwezempiro kanye nezifo ovele unazo uma ugcwalisa noma uhlinzeka ngemininingwane yephepha lemibuzo lezempilo.



## Ukubaluleka kwemininingwane ephathelene nezinsiza uma ufaka isicelo sokuvikelwa isikimu sezempilo.

3

- Imininingwane ephathelene nezinsiza yinoma iluphi ulwazi okungenzeka kube nomthelela ekukwazini kwesikimu ukubala ingozi esizifaka kuyo uma ilungu elisha lingena esikimini. Ibhizinisi lesikimu sezokwelapha ukuthatha ingozi ngokushintshisana nemali ekhokhwa ngenyanga.
- Noma kungeke kusetshenziswe iminyaka yobudala kanye nesimo sezempilo selungu ukuze kunqunywe ukuthi ilungu lizokhokha malini noma ukubandlulula ilungu nganoma iyiphi indlela, kuyingxenye yemininingwane ephethelene nezinsiza okumele ichazwe ephepheni lemibuzo lezempilo uma ufaka isicelo sokuba yilungu lesikimu sezokwelapha ukuze kwenziwe ukuhlolelwa ingozi okufanele.
- Kubalulekile ukuthi izikimu zezokwelapha zazi ngokuphelele ngesikhathi sokufakela isicelo sokuba yilungu, ububanzi bengozi ezizifaka kuyo. Lokhu kusiza isikimu ukuthi sinqume lokho esikuvikelayo okusebenzayo ngokuphathelene nesicelo esifakiwe ngasinye kanye/noma abathembele kuye, ngokuhambisana nokuhlinzekelwe kuMthetho Wezikimu zeokwelapha, uNombolo 131 we-1998 (uMthetho).
- Ngenxa yokuthi uhlelo lokubhalisa amalungu amasha lungathatha isikhathi eside, amalungu kudingeka ukuthi azise isikimu sezokwelapha nganoma yiziphi izinguqoko ngokuphathelene nesimo sawo sezempilo kusukela ngosuku agcwalisa ngalo ifomu lokufaka isicelo kuze kufike osukwini lokungena .

For you. For health. For life.



## Ukuphula umthetho kanye nokujeziselwa ukwehluleka ukuhambisana noMthetho.

Ukungadaluli ulwazi ngokuphathelene nezinsiza kuyicala elibomvu. UMthetho Wezikimu Zezokwelapha uhlinzekela ukuphula umthetho kanye nokujeziswa okungenzeka kusetsheziswe kulabo abehlulekayo ukuhambisana noMthetho. Isigaba 66 soMthetho, sibalula okunye ukuphulwa komthetho kanye nokujeziswa okumele kusetsheziswe ngokuphathelnene nokuhluleka ukuhambisana nokuhlinzekwe uMthetho:

### 66 Ukuphulwa komthetho kanye nokujeziswa

- Noma ubani -
  - a) ophula noma yikuphi okuhlinzekwe yilo Mthetho noma owehluleka ukuhambisana nalokhu okulapha;
  - b) wenza noma abangele noma yikuphi ukukhokhkelelwa umhlomulo okusolwa ukuthi kumele ukhokhwe ngokuphathelene nemithetho yesikimu sezokwelapha, ebe azi ukuthi leso sicelo sezokukhkhelwa asilona iqiniso;
  - c) owenza azi noma obangela ukwethulwa kweminingwane ngokuphathelene nezinsiza ekungelona iqiniso esikimini sezokwelapha, ukuze kusetshezisewa ekuqagulen i noma yimaphi amalungelo
- d) ukwazi noma yini eyiqiniso noma ukwenzenka kwanoma yiphi isehlakalo esinomthelela ngokuphathelene nokuthola kwakhe umhlomulo ngokuphathelene nemithetho yesikimu sezokwelapha, futhi owehluleka ukudalula lawa maqiniso noma isehlakalo esikimini sezokwelapha ngenhloso yokuthola esikimini sezokwelapha umhlomulo okungamele awuthole noma umhlomulo omkhulu kunalowo okumele awuthole;
- e) onikeza ngesitatimende, i-akhawunti noma incwadi yokukhokhelwa elungqini noma kunoma yimuphi omunye umuntu, azi ukuthi leso sitatimende, i-akhawunti noma incwadi yokukhokhelwa engelona iqiniso futhi engasetshenzisewa yilungu elinjalo ukuze lifake isicelo sokukhokhelwa isikimu sezokwelapha noma yimuphi umhlomulo noma umhlomulo ongaphezu komhlomulo okumele awuthole ngokuphathelene nemithetho yesikimu sezokwelapha; noma
- f) okuzokwenzenka ukuthi, ngokuphathelene nokuhlinzelwe esigaben esingaphansi kwesiinhloko (2), abe necala, futhi kumele akhokhe inhlawulo noma aboshwe





isikhathi esingekho ngaphezu kweminyaka emihlanu noma kokubili ukuhlawuliswa kanye nokuboshwa. [Isigaba esingaphansi kwesiyinhloko.(1) esichtsiyelwe isigaba 27(b) soMthetho onguNombolo 55 wezi-2001.]

Nanoma yilipi ilungu elihlulekayo ukudalula ulwazi oluphathelene nezinsiza noma elibeka ngendlela engeyona iqiniso okuphathelene nezinsiza okungasetshenziswa ukunquma amalungelo okuthola imihlomulo ngokuphathelene nemithetho yesikimu, uzotholakala, ngokuphathelene nesigaba esingaphansi kwesiyinhloko (2), enecala lokwephula umthetho, futhi kuzomele uma esetholakele enecala, ukuthi akhokhe inhlawulo noma aboshwe isikhathi esingekho ngaphezu kweminyaka emihlanu, noma ukukhoka inhlawulo kanye nokuboshwa.

## Imiphumela yokungadaluli ulwazi oluphathelene nezinsiza

Ukwengeza esigatshaneni esingenhla, Isahluko 5 S29 (2)(e) sihlinzekela ukuthi isikimu sezokwelapha sikhalsele ubulungu ngokuphathelene nokungadaluli ulwazi ngokuphathelene nezinsiza. Kafushane nje, ukungadaluli ulwazi ngokuphathelene nezinsiza kungaholela:

- Ekukhanselweni kobulungu besikimu sezokwelapha belungu, kanye nalobo balabo abathembele kulo.
- Uma kukhanselwa inkontileka ngaphansi kwalezi zimo ithathwa njengasebenzi, lokhu kuchaza ukuthi ayikho emthethweni futhi ayinamthelela ngokuphathelene nezomthetho.
- Isikimu kumele kulesi simo sibuyisele yonke imali ekhokhwe yilungu futhi zonke izicelo zokukhokhelwa esezikhokhelwe ilungu zijkiswe.

For you. For health. For life.



## Imibiko yezempilo yokuqinisekisa izifo ovele unazo.



6

### Inqubo yokufaka isikhalaizo.

- Ngenxa yezinhloso zokuvikela isikimu sezokwelapha kungenzeka sicele umbiko wezempilo welungu noma othembele elungwini ukuze siqinisekise amaqiniso ngokuphathelene nezifo avele enazo.
- Isikimu Sezokwelapha sikhazi kuhela ukucela umbiko welungu noma othembele kulo ngokuphathelene nesifo avele enaso lapho kuye kwanconya noma kwahlinzekwa khona ukucetshiswa kwezempiro, ukuhlonzwa kwesifo, ukunakekelwa noma ukwelashwa, esikhathini esiyizinyanga eziyishumi nambili ngaphambi kosuku lokufaka isicelo sokuba yilungu lesikimu.
- Esimweni lapho isikimu sezokwelapha sidinga umbiko welungu noma othembele kulo ngokuphathelene nesifo avele enaso lapho kuye kwanconya noma kwahlinzekwa khona ukucetshiswa kwezempiro, ukuhlonzwa kwesifo, ukunakekelwa noma ukwelashwa, esikhathini esiyizinyanga eziyishumi nambili ngaphambi kosuku lokufaka isicelo sokuba yilungu lesikimu, isikimu kumele sikhokhele izindleko zombiko.





7



For you. For health. For life.





# Thinta Umkhandlu Wezikimu Zezokwelapha (CMS).



For you. For health. For life.



Isikhungo Sokunakekela  
Amakhasimende

0861 123 267 | 0861 123 CMS



Indawo Yokwemukela  
Abantu (Reception)

Ucingo 012 431 0500  
Ifeksi 012 430 7644



Imibuzo jikelele

Imibuzo nge-imeyli  
[information@medicalschemes.com](mailto:information@medicalschemes.com)  
[www.medicalschemes.com](http://www.medicalschemes.com)



Izikhhalazo

Ifeksi (086) 673 2466  
I-imeyli [complaints@medicalschemes.com](mailto:complaints@medicalschemes.com)



Ikheli leposi

Private Bag X34, Hatfield, 0028



Ikheli lendawo

Block A, Eco Glades 2 Office Park,  
420 Witch-Hazel Avenue Eco Park  
Centurion, 0157